# HILLCREST HIGH SCHOOL
# UKUHLOLWA KUKA NHLANGULANA 2014
# ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA
# IBANGA LESHUMINANYE (GRADE 11)
# IPHEPHA LESIBILI (PAPER 2)
*(MOTHER TONGUE)*

**ISIKHATHI: 2 Amahora** **Amamaki: 70**

QAPHELA:

- Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuqala ukuphendula imibuzo.
- Musa ukuxova imibuzo.
- Phendula ngesiZulu esivumelekile.
- Bhala ngobunono usebenszise ubhalomagama olusemthethweni.
- Bhala ngobunono.

# ISIQEPHU A

ITSHWELE LEMPANGELE V.M. BHENGU

1. Fundisisa izihloko ozinikezwe lapha ngezansi bese ukhetha **ESISODWA** ozobhala ngaso amagama aphakathi kwayi-**190** kuya kwangama-**240**.

*"Bengicabanga ukuthi yini engasivimba ukuba siye enkantolo, sicele imantshi isishadise?"*

1.1 Chaza ukuthi kungani uNdelebuli efuna ukuthi benoShantha bashadiswe yimantshi. Encazelweni yakho bala izigameko nezingqinamba esebedlule kuzona ezibakhombisa ngokusobala kubona ukuthi uma befisa ukushadiswa yimindeni yabo kobe kutho ukuthi kusemuva endololwaneni.

{35}

**NOMA**

2. ENingizimu Afrika yentando yeningi abantu banamalungelo amaningi ehlukene. Umshado oxube izinhlanga nawo aweswelekile. Ngokombono wakho kuleNoveli ingabe imiphakathi yabomdabu neyamaNdiya ikulungele yini ukwemukela izinguquko ezifaka ukuganana kwezinhlanga kuleNingizimu Afrika entsha? Empendulweni yakho veza izibonelo ezitshengisa ngokusobala ukuthi imindeni kaNdelebuli noShantha izilungele noma ayizilungele lezi zinguquko.

{35}

## ISIQEPHU B

IZINYEMBEZI ZOTHANDO - D.B.Z. Ntuli

**PHENDULA IMIBUZO 2 NO 3 NOMA IMIBUZO 4, 5 NO 6.**

**UXOLO:** ***Sicelo Zimema***

2. **Fundisisa lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo.**

*"Uyabona Mtolo, kuleli phepha kukhona amagama enu nonke nina ebenizama ukungibulala kodwa nehluleka. Bonke laba asebefile, yilabo abaphezulu kulolu luhla lwamagama." Uthe esuka wabe eliphonsela uMtolo lelo phepha. "Zibheke, ubone ukuthi igama lakho likuphi nendawo kulolo luhla. Sheshisa!"*

*Alithathe eseqhaqhazela ngokunye manje uMtolo. Nangempela, amagama amahlanu okuqala kulolo luhla, awabo laba bantu asebeshonile njengokulandelana kwabo. Cha, inawo umuthi le nyanga kaS'kebhe! Wehla njalo uMtolo, efunda uhla lwamagama. Ujahe ukubona igama lakhe. Isifuba siyagubhazela. Naye akakholwa wukuthi esake lesi sifuba esidum sengathi kugijima amahhashi. Awu, naliya igama lakhe eduze kwenombolo ewu-17. Kusekhona nabanye abalandelayo. Waphefumulela phezulu uMtolo.*

*"Uyazibona ukuthi ukuphi nohla?"*

*"Ye-, yebo."*

*"Buyisa iphepha lami!" esho esukuma eyothatha iphepha lelo ezandleni eziqhaqhazelayo zikaMtolo.*

**IMIBUZO**

1. Wubani ongumlingiswa omkhulu kule ndaba? (1)

2. Engabe uS'kebhe uziphilisa ngaluhlobo luni lwebhizinisi? (1)

3. Bhala isibongo sikaS'kebhe. (1)
4. US'kebhe bamkhandela tulo lini abanikazi bamatekisi? (1)

5. Sizathu sini esadala ukuthi abanikazi bamatekisi bamkhandele itulo? (2)

6. Unjani umbala wamatekisi kaS'kebhe? (1)

7. Bangaki abantu asebeshonile kusukela uS'kebhe eqalile ~~ukuziphindiselela~~ (1)

8. Waziphindiselela kanjani uS'kebhe ngokushiswa kwamatekisi akhe? Chaza ngomusho ophelele. (2)

9. Cishe wayezoba ngoswesingaki uMtolo ohleni lwabantu abazobulawa? (1)

10. Yini eyethusa osomatekisi erenke ekuseni uma befika? (1)

11. Uqonde ukuthini uS'kebhe uma ethi uMtolo "usentendeni yesandla sami manje?" Chaza ngamaphuzu amabili. (2)

12. Zizathu zini ezadala ukuba uMtolo angawabikeli amaphoyisa ngenkinga abhekene nayo? Beka izizathu ezimbili. (2)

13. Yimiphi imibandela eyabekwa wuMtolo ukuze akwazi ukumukela uxolo? Bala emibili. (2)

[18]

**ILOBOLO**: *Sicelo Zimema*

***"UMandlenkosi ubeyithanda ingoduso yakhe futhi engenza nanoma yini ukukhombisa uthando abeyithanda ngalo."***

3. Sebenzisa bonke ubufakazi obusendabeni ekuvumelaneni noma ekuphikisaneni nombono ongasenhla. Encazelweni yakho chaza ngobuthakathaka bukaMandlenkosi njengomlingiswa oyisicaba.

Impendulo yakho ayibe **namagama aphakathi** kwayi-**80** kuya kwangama-**100**.

[17]

{35}

**NOMA**

**WAKUBONA WAKUBELETHA**: *M.T. Mkhize*

4. Phendula imibuzo elandelayo **NGEMISHO EPHELELE**.

4.1 Ingabe wubani igama lomlingiswa omkhulu kule ndaba? (1)

4.2 Ingabe uMnu Bekezela Zulu wazana kanjani noMnu Mlahleni Cele? Chaza ngemisho emibili. (2)

4.3 UMlahleni ubeziphilisa ngani empilweni yakhe engakayiphili impilo yasemgwaqeni?. Bala kube kubili. (2)

4.4 Ingabe awiswa yini amabhizinisi kaMlahleni? (1)

4.5 Ingabe wangcwatshwa wubani uMlahleni? (1)

4.6 UMlahleni wawuthola kanjani u-R150 000 owawushiyela umhlengi wakhe? (1)

***"Lembula ingubo lingene."***

4.7 Funda lesi sisho esingasenhla bese uthathela endabeni emfushane ethi "*Wakubona Wakubeletha.*" Chaza ukuthi simo sini uMnu Bekezela Zulu azithola esekuso engazelele? Bhala isizathu sibe sinye. (2)

[10]

<u>**IMFIHLO KAMAKOTI**</u>: *M.T. Mkhize*

5. **Phendula lemibuzo elandelayo:**

5.1 Bhala igama nesibongo somlingiswa omkhulu kule ndaba? (2)

5.1 Yisho abalingiswa <u>ababili</u> **ababalulekile** kule ndaba. (2)

5.2 Walithola kanjani futhi elithola kuphi ibhantshi lakhe uRoy? (2)

5.3 Chaza ngemali eyacoshwa wuRebecca ukuthi yayivela kuphi? Chaza ngemigqa emibili. (2)

5.4 Kungani umphefumulo kaRebecca ungakutholi ukuphumula? Chaza ngomugqa owodwa. (1)

5.5 Bala imibandela ibe mibili eyabekwa wuRebecca kuRoy mayelana nendlu yesitezi acela ukuthi amakhele yona. (2)

[10]

**INCWADI YEZITHANDANI:** M T Mkhize

6. **Fundisisa lencwadi elandelayo ecashunwe endatshaneni "Incwadi Yezithandani" bese uphendula lemibuzo elandelayo:**

> ***Dear Lavy,***
>
> ***Impela sengathi izinto zizokuba mnandi ebusuku njengoba unxusile. Noma ikanjani sizobonana ebusuku. Okusho ukuthi ngizophuma emsebenzini ngize lapho ebese siya kuleyo ndawo lapho ziduma khona ngigcine sengibuye ngazolala lapho kwesakho njengoba nawe ushilo-ke.***
> ***Unkosikazi njengoba ngiyazi ukuthi uzophatheka kabi emoyeni kanti uzethwele, ngizomane ngithi nje kuye ngizobamba i-ova ebusuku kwaphela. Yena uyobona ngoba sengibuya nje ngakusasa. Futhi angeke ngize ngimtshele lutho inkukhu ingakachamuseli.***
> ***Angivalelisi L. ngoba sizobonana kusasa ntambama.***
>
> ***Yimina omaziyo***

6.1 Wubani igama lomuntu obhalele uLavy incwadi engasenhla? (1)
6.2 Buqili buni lobo uJosephine acabanga ukuthi ubutholile ngendoda yakhe? (1)
6.3 Ingabe uLevy uzakhela kanjani imali ngesikhathi ekungesiso esasemsebenzini? (1)
6.4 Kahle kahle uNgobese wayehlele ukuya kuphi ngale ntambama akhuluma ngayo encwadini engasenhla? Wayeyokwenzani khona lapho? (2)
6.5 Yini eyadala ukuthi kube nokuchitheka kwegazi phakathi kuka-Nkk. Ngobese noRhoda? (2)
6.6 Sizathu sini esadala ukuthi uNkk. Ngobese akhale ekupheleni kwendaba? (2)
6.7 Sifundo sini esitholakala kule ndaba? Chaza ngamaphuzu amabili. (2)

6.8 **Phendula le misho elandelayo ngokukhetha impendulo okuyiyona yona phakathi kwalezo ezikubakaki:**

i) Igama le ngane kaMnu noNkk Ngobese (wuThoko, wuThabi, wuThemba). (1)
ii) Isibongo sikaNkk Ngobese sasekhaya (uMaKhoza, uMaSibisi, uMaShezi). (1)
iii) UMnu noNkk. Ngobese babusiswa ngengane (yomfana, yentombazane) esibhedlela. (1)
iv) Ithikithi likaMnu Ngobese lamklomelisa izinkulungwane (ezimbili, eziyisikhombisa, eziyishumi, eziyikhulu) zamarandi. (1)

{15}

{35}